



## Tell us a story!

How often have your children said, "Tell us a story, please?" You may remember what it feels like to be completely wrapped up in a story – it's like everything around you disappears and you are part of the story! Children love hearing stories, and they are a great way to stimulate their imagination and their use of language. Here are some tips to help you be a magical storyteller for your children.



## Sixoxele indaba!

Sezisho kangaki izingane zakho ukuthi, "Sicela usixoxele indaba?" Ungase ukhumbule ukuthi kuletha umuzwa onjani ukuthatheka yindaba ngokuphelele – kufana nokuthi yonke into eseduze kwakho iyanyamalala wena bese uba yingxenye yendaba! Izingane ziyakuthanda ukuzwa izindaba futhi izindaba ziyindlela ekahle yokukhuthaza amandla okwakha imifanekiso yomqondo nokusebenzisa kwazo ulimi. Nanka amanye amacebo okukusiza ukuthi ube umxoxi wezindaba onokusamlingo ezinganeni zakho.



### Which stories should I tell?

- ★ **Get going.** It's always easiest to start with what you know, so start by telling stories that you know well.
- ★ **Find more stories.** Keep adding to the number of stories you can tell by finding new ones. Look in books and on the internet. Translate stories that are only available in one language into the language(s) you are comfortable telling stories in.
- ★ **Match with your audience.** Choose a story to tell that you think will interest your listeners and is appropriate for their ages. For example, most children enjoy stories that have animals in them, but stories with evil spirits in them may scare very young children.

### Yiziphi izindaba okufanele ngizixoxe?

- ★ **Qala.** Kuba lula njalo nje ukuthi uqale ngalokho okwaziyo, ngakho qala ngokuxoxa lezo zindaba ozazi kahle.
- ★ **Thola ezinye izindaba.** Qhubeka nokwengeza inani lezindaba ongazixoxa ngokuthola ezintsha. Bheka izincwadi kanye ku-intanethi. Humushela izincwadi ezitholakala ngolimi olulodwa olimini noma ezilimini okwazi ukuxoxa izindaba ngazo.
- ★ **Hambisana nezethameli zakho.** Khepha indaba ozoyixoxa ocabanga ukuthi izobahlaba umxhwele abakulalele futhi nehambisana neminyaka yabo. Isibonelo, izingane eziningi zithokozela izindaba ezinezilwane kuzo, kodwa izindaba ezinemimoya emibi zingazethusa izingane ezisencane.

### How do I tell a story?

- ★ **Choose your words.** Try to choose interesting and expressive words that help your listeners to build a picture in their heads as they listen to the story.
- ★ **Use expression.** Tell the story with expression in your voice, and give the characters different sounding voices, like a squeaky voice for a little mouse and a deep, booming voice for a lion.
- ★ **Use your whole body.** Use your face to show the expressions of different characters in the story. For example, frown when a character is shouting and cross about something. Use body gestures, like swaying gently from side to side to show how a tree moved in a gentle breeze and then using bigger movements to show how it moved as the wind got stronger.

### Ngiyixoxa kanjani indaba?

- ★ **Khepha amagama akho.** Zama ukukhepha amagama ahlaba umxhwele nakhombisa imizwa azosiza abakulalele ukuthi bazakhele isithombe emakhanda abo ngesikhathi belalele indaba.
- ★ **Zwakalisa umuzwa ezwini lakho.** Xoxa indaba ngokuzwakalisa umuzwa ezwini lakho futhi unikeze nabalingiswa amazwi ezwakala ehlukile, njengezwi elinkenteyayo legundane elincane kanye nezwi elikhulu, elimemezayo lebhuse.
- ★ **Sebenzisa umzimba wakho wonke.** Sebenzisa ubuso bakho ukuze ukhombise abalingiswa abahlukene endabeni. Isibonelo, buyisa izinhlonzi uma umlingiswa ethetha noma ethukutheliswe okuthile. Sebenzisa umzimba ukuze ukhombise okuthile, okufana nokunyakaza uye ngapha nangapha, ukuze ukhombise isihlahla esinyakaziswa umoya ophetha kancane, bese usebenzisa iminyakazo emikhulu ukuze usikhombise uma sinyakaziswa umoya onamandla.




### What do good storytellers do?

- ★ **Practise.** If you are telling a story to a group of children, practise in advance so that you know the story well.
- ★ **Enjoy yourself.** If you enjoy telling a story, then it is likely that your children will enjoy listening to it too! So, relax and have fun!

### Ingabe benza njani abaxoxi bezindaba abaphambili?

- ★ **Zejwayeze.** A Uma uxoxela ithimba lezingane indaba, yibe lokhu uzejwayeze ozokwenza kusenesikhatha ukuze uyazi kahle indaba.
- ★ **Zithokozise.** Uma ukuthokozela ukuxoxa indaba, maningi amathuba okuthi izingane zakho zingayithokozela nazo! Ngakho, khuleleka nje bese uzithokozisa!



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.

## IsiZulu in the spotlight

Dumisani (EDM) Sibiya, has been translating the Nal'ibali supplement into IsiZulu since Edition 119, our first supplement of 2017! So, we at Nal'ibali are very proud to share with you that Dumisani Sibiya is the winner of the 2021 University of Johannesburg main prize for Creative Writing in isiZulu. He was awarded the prize for his book, *Isibusiso Nezinyembezi* ("Blessings and Tears").

Sibiya's book is an anthology, or collection, of 100 poems. Each poem marks a year of Sibibusiso Nyembezi's life – the book was published in 2019 when Nyembezi would have been 100 years old if he was still alive. The poems were written by 13 gifted poets and are about the work done by Sibibusiso Nyembezi. Nyembezi's work had a great influence on isiZulu literature, so the poems in the book draw attention to aspects of culture, politics, nature, love, education, history, death and war from a Zulu perspective.

Dumisani Sibiya is a well-respected writer of novels, stories and poems. He wrote his first novel when he was 24. Since then, Sibiya has won many awards for his fine works.

This makes Sibiya our **Story superstar** of the month of March!



Dumisani (EDM) Sibiya – award-winning writer and poet, editor and IsiZulu translator for Nal'ibali

UDumisani (EDM) Sibiya – umbhali nembongi esizuze imiklomelo, umhleli kanye nomhumushi wesizulu wakwaNal'ibali




## IsiZulu sidla ubhedu

UDumisani (EDM) Sibiya, selokhu ahumushela esiZulwini isithasiselo sakwaNal'ibali kusukela kushicilelo lwe-119, okuyisithasiselo sethu sokuqala sangowezi-2017! Ngakho, thina kwaNal'ibali siyaziqhenya kakhulu ukunazisa ukuthi uDumisani Sibiya uzuze umklomelo ophambili wangowezi-2021 waseNyuvesi YaseJohannesburg Wemibhalo Yobucingo emkhakheni wesizulu. Uzuze umklomelo ngencwadi yakhe ethi, *Isibusiso Nezinyembezi*.

Incwadi kaSibiya yiqoqo lezinkondlo eziyi-100. Inkondlo ngayinye iyisikhumbuzo sempilo kaSibibusiso Nyembezi – incwadi yashicilelwa ngonyaka wezi-2019 nokuwunyaka lapho uNyembezi wayezobe ehlanganisa khona iminyaka yobudala eyi-100 ukuba wayesawadla anhlamvana. Izinkondlo zibhalwe yizimbongi eziyi-13 zezinga eliphezulu kanti zimayelana nemisebenzi eyenziwe nguSibibusiso Nyembezi. Imisebenzi kaNyembezi ibe nethonya elikhulu emibhalweni yobuciko yesizulu, ngakho izinkondlo ezikuleli qoqo zithinta iminxa yezamasiko, ezombusazwe, imvelo, uthando, imfundo, ezomlando, ukufa kanye nezimpi ngokweso likaZulu.

UDumisani Sibiya ngumbhali ohlonishwayo wamanoveli, izindaba ezimfushane kanye nezinkondlo. Wabhala inoveli yakhe yamazibulo eneminyaka engama-24. Ukusuka lapho, uSibiya usehlohlomule imiklomelo eminingi ngemisebenzi yakhe emihle.

Lokhu kwenza umfo kaSibiya **Isihlabani sendaba esiphambili** sethu senyanga kaNdasa!



2002 – *Kungasa Ngifile* (a novel) – Sanlam Prize for Youth Literature silver medal

2003 and 2004 – *Kungasa Ngifile* – finalist in the M-Net Literary Awards

2005 – *Imikhizo* (a collection of short stories) – Muntu Xulu Award for Short Stories silver medal

2006 – *Ngidedele Ngife* (a novel) – Sanlam Prize for Youth Literature gold medal

2010 – *Ngiyolibala Ngifile* – Sanlam Prize for Youth Literature gold medal

2011 – *Ngiyolibala Ngifile* – K Sello Duiker Memorial Award at the South African Literary Awards

2002 – *Kungasa Ngifile* (inoveli) – indondo yesiliva eMklomelweni WakwaSanlam Wemibhalo Yentsha

2003 nowe-2004 – *Kungasa Ngifile* – eyaqokwa njengenye yeziphambili zokugcina eMklomelweni Wemibhalo Yobuciko Wakwa-M-Net

2005 – *Imikhizo* (iqoqo lezindaba ezimfushane) – indondo yesiliva eMklomelweni KaMuntu Xulu Wezindaba Ezimfushane

2006 – *Ngidedele Ngife* (inoveli) – Indondo yegolide eMklomelweni WakwaSanlam Wemibhalo Yentsha

2010 – *Ngiyolibala Ngifile* – Indondo yegolide eMklomelweni WakwaSanlam Wemibhalo Yentsha

2011 – *Ngiyolibala Ngifile* – Umklomelo Wesikhumbuzo Sika-K Sello Duiker kuma-South African Literary Awards



Drive your imagination

# Celebrate our libraries!

**Libraries offer us a wealth of stories and information to enrich our lives. Smaller libraries have hundreds of books while larger ones have thousands for us to choose from, giving us a wider choice of reading material than we could ever own – and we get to take some of the books home for a while!**

South African Library Week runs from 14–20 March 2022. This year's theme is "ReImagine! RePurpose! ReDiscover ... Libraries!" So, read the reasons we think it's worth being a regular library user, then take your whole family to visit your library during Library Week.

- ★ Sign everyone up as members so that you can all borrow books and other resources.
- ★ Discover what materials and regular activities it has to offer.

- ★ Experience some of the special events held to celebrate Library Week.
- ★ Take time to explore different sections of your library, particularly those that you have not borrowed books from before – choose books with titles or covers that interest you and just "dip" into them.
- ★ Visit the children's section and, if you had a favourite storybook as a child, find it so that you can read it to your children.

Go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) to find tips and ideas on choosing and exploring stories with children.



## Bungazani imitapo yezincwadi!

**Imitapo yezincwadi isinikeza izindaba eziningi kanye neminingwane enothisa izimpilo zethu. Imitapo yezincwadi emincane inamakhulu ezincwadi kanti emikhulu inezinkulungwane zezincwadi esingakhetha kuzo, okusinikeza izinto zokufunda eziningi esingakhetha kuzo kunalezo esingaba nazo – futhi sikwazi ukuya emakhaya nezinye zezincwadi isikhathi esithile!**

Isondo Lemitapo Yezincwadi LaseNingizimu Afrika lenzeka kusuka ngomhla ziyi-14-20 kuNdasa wezi-2022. Indikimba yanonyaka ithi "Bheka Kabusha! Yiba Nenhlolo Entsha! Thola Kabusha ... Imitapo Yezincwadi!" Ngakho, funda izizathu ezenza sicabange ukuthi kubalulekile ukuba ngumsebenzisi ojwayele umtapo wezincwadi, bese uthatha umndeneni wakho wonke ukuze uvakashale umtapo wezincwadi ngesikhathi seSonto Lemitapo Yezincwadi.

- ★ Bhalisa wonke umuntu abe yilungu ukuze nikwazi ukuboleka izincwadi kanye nokunye okunosizo.

- ★ Thola ukuthi yikuphi okufundwayo kanye nemisebenzi engenziwa okutholakala khona.
- ★ Yiba yingxenywe yeminye imicimbi ekhethekile yokugubha ISonto Lomitapo Wezincwadi.
- ★ Thatha isikhathi sakho ubheke imikhakha ehlukeneyo yomitapo wakho wezincwadi, ikakhulukazi leyo ongakaze uboleke kuyo izincwadi phambilini – khetha izincwadi ezinezihloko noma amakhava akuhlaba umxhwele bese "ungena" kuzo.
- ★ Vakashela ingxenywe yezincwadi zezingane, kanti uma unencwadi yezindaba owawuyithanda useyingane, yifune ukuze uyifundele izingane zakho.

Yana ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze uthole amathiphu nemicabango yokukhetha nokujula nezincwadi nezingane.

## 5 reasons to use your library

- 1. Help your children be better readers.** Children who use the library are nearly twice as likely to be above-average readers than children who don't.
- 2. Reading for free.** Libraries offer a wider variety of reading material than we could ever own – and it is free!
- 3. More than books.** Many libraries also offer more than just books – for example, CDs, DVDs, newspapers and magazines. Some libraries also have computers you can use to access the Internet.
- 4. Enjoy free activities.** Some libraries offer activities especially for children (like regular storytelling times) that let them have fun with books.
- 5. Quiet space.** The library is a peaceful place for older children to do their homework. There are plenty of books to help them do research for school projects and assignments.



## Izizathu ezi-5 zokusebenzisa umtapo wezincwadi wangakini

- 1. Ukusiza izingane zakho ukuthi zibe abafundi bokubhaliwe abangcono.** Izingane ezisebenzisa umtapo wezincwadi zicishe zibe sezingeni eliphindwe kabili ngaphezu kwelomfundi osezingeni elijwayelekile kunezingane ezingawusebenzisi.
- 2. Ukufunda mahhala.** Imitapo yezincwadi inezincwadi ezahlukene neziningi kundlezo ebesingaba nazo – futhi azikhokhelwa!
- 3. Akutholakali izincwadi nje kuphela.** Imitapo yezincwadi eminingi ihlinzeka ngokungaphezu kwezincwadi – isibonelo, ama-CD, ama-DVD, amaphephandaba namaphephabhuku. Eminye imitapo yezincwadi inawo namakhompyutha ongawasebenzisa ukuze ungene ku-intanethi.
- 4. Ukuthokozela ukwenza imisebenzi yamahhala.** Eminye imitapo yezincwadi iba nezinto ezilungiselwe izingane (ezifana nokuxoxwa kwezindaba njalo ngemuva kwesikhathi esithile) ezizenza zizijabulise ngezincwadi.
- 5. Indawo ethule.** Umtapo wezincwadi uyindawo enokuthula lapho izingane ezindadlana zenza khona imisebenzi yazo yesikole yasekhaya. Kunezincwadi eziningi ezingazisa ukuthi zenze ucwango lwamaphrojekthi ezikole nama-asayimenti.



Drive your imagination

# Days to celebrate in March!

Think about how important books, stories and poems are in making our lives more enjoyable! Books, storytelling and poetry have the power to grow our imaginations and vocabulary. They also help us to understand people and the world better. Here are three days on which we can try to make stories a special part of our family time. But remember to enjoy stories and poems every day!

# Izinsuku ezigujwayo ngoNdasas!

Cabanga mayelana nokuthi izincwadi, izindaba kanye nezinkondlo zibaluleke kanjani ekwenzeni impilo yethu ithokozeleke kakhudlwana! Izincwadi, ukuxoxa indaba kanye nezinkondlo kunamandla okukhulisa ukubona kwethu ngeso lengqondo kanye nolwazimagama. Kuphinda kusisize ukuthi siqondise abantu nomhlaba kangcono. Nazi izinsuku ezintathu esingazama ngazo ukwenza izindaba zibe yingxenyekhethekile yesikhathi sethu somndeni. Kodwa khumbula ukuthokozela izindaba nezinkondlo nsuku zonke!

## World Book Day

4 March 2022

On World Book Day, spend some time reading your favourite books. Try taking the whole family to a library so that everyone can choose at least one book to read. Share your love of books by swapping books with friends and family members, donating books to schools or reading clubs and making your own books!

## Usuku Lomhlaba Lwezincwadi

4 kuNdasas 2022

NgoSuku Lomhlaba Lwezincwadi, chitha isikhathi esithile ufunda izincwadi zakho ozikhonzile. Zama ukuthatha wonke umndeni uye nawo ematsheni wezincwadi ukuze wonke umuntu akwazi ukukhetha okungenani incwadi eyodwa azoyifunda. Yabelana ngothando lwakho lwezincwadi ngokushintshana ngezincwadi nabangani kanye namalungu omndeni, ngokunikela ngezincwadi ezikoleni noma emathimbeni okufunda kanye nokuzenzela izincwadi zakho!

## World Storytelling Day

20 March 2022

Grown-ups love telling stories, and children love hearing stories, so World Storytelling Day is a wonderful opportunity for families to spend time together. Why not spend a few hours during this day sharing stories about the history and traditions of your families and of the communities of which you are a part?

## Usuku Lomhlaba Lokuxoxa Izindaba

20 kuNdasas 2022

Asebekhulile bayakuthanda ukuxoxa indaba, kanti nezingane ziyathanda ukulalela izindaba, ngakho Usuku Lomhlaba Lokuxoxa Izindaba yithuba eliyisimanga lokuthi imindeni ichithe isikhathi ndawonye. Kungani-ke ukuba ungachithi amahora ambalwa ngalolu suku wabelane ngezindaba ezimayelana nomlando namasiko omndeni wakho kanye nemiphakathi oyingxenyekayo?

## World Poetry Day


21 March 2022

Poems use rhythm, rhyme, sounds and words in a special way to help us think about things differently. Poems can also help us to write about our deep thoughts and feelings. They can be like a song that tells a story in a few words.

## Usuku Lomhlaba Lwezinkondlo


21 kuNdasas 2022

Izinkondlo zisebenzisa isigqi, imvumelwano, imisindo namagama ngendlela ekhethekile ukuze zisisize sicabange ngezinto ngendlela eyehlukile. Izinkondlo zingaphinda zisisize ukuthi sibhale ngemicabango yethu kanye nemizwa ejulile. Zingafana nengoma exoxa indaba ngamazwi ambalwa.



### Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.




Drive your imagination

“INTONI?” wabhodla wabuzwa uBhubesi. “Kade uthini?”  
 Yize uGundane naye wayecishe wafa ukwethuka, kodwa wazama  
 ukwenza ukuthi iphindo lakhe lizwakale liphohle lishengisa isibindi,  
 waphendula wathi, “Ungixolele bandla Nkosi yami, ukuthi nje mina  
 ngiyisigijimi, isithunywa esincane.”  
 “Siphi lesi silwane okhuluma ngaso, othi sinamandla ukwedlula mina,  
 uBhubesi onamandla?” ebuzwa. Engkekaphenduli nakuphendula uGundane,  
 uBhubesi wayesemayalele ukuthi amuse lapho kukhona lesi silwane  
 asishoyo.  
 UGundane wathi, “Mhlonishwa onamandla, naso lesi silwane sifisa  
 kakhulu ukukubona.”  
 Basuka-ke bahamba, uBhubesi onamandla elandela uGundane  
 elincane. Waholela uBhubesi emgedeni thizeni ayewazi osezuzane,  
 okwakuyindawo enhle impela ukutheza icebo lakhe.  
 Ma beika lapho uGundane wathi, “Nkosi yami isingangena manje,  
 mina ngizolinda la ngaphandle. Isiqhwaga lesi sesilwane esinamandla adlula  
 awakho sitha kungakuhle nihlangane nobabili kuphela.”  
 Ehlle yintukuhlelo, wangena kulowo mgeda uBhubesi. Lapho esengene  
 kahle ngaphakathi, uGundane wadudula itshhe elikhulu elahlilezi lilingele  
 ukwenza lo msebenzi eduze komlomo womgeda. Kwakumnyama bhuge  
 ngaphakathi. U Bhubesi elinamandla wacijisa amehlo akhe ezama ukubona  
 Amadevu alo ama agonda, labhodlela phansi lilungele ukulhasela. Kodwa  
 noma ezama kangako, akabonanga lutho kulowo mgeda.  
 Emuva kwesikhathi, ngezwi elikhulu, uBhubesi wabuzwa, “Siphi lesi  
 silinyana sesilwane engizosiphihliza ngisenze izicucu? La ngiqede khona  
 ngaso, ngiyafunga, umina ugobo akasozwe asazi nokuthi singubani?”  
 Wawuzwa umbuzo weBhubesi uGundane, wasondeza impumulo  
 yakhe ecijile phakathi kwezikhala zamatsho, wathi, “Bekezele, yiba  
 nesineke Nkosi enkulu, lesi silwane sizoziveza kungekudala.”

“WHAAT?” Lion roared. “What did you say?”  
 And, although Little Mouse trembled in her shoes, she made her voice  
 as brave as she could and said, “I beg your pardon, My Lord, I am merely  
 the messenger.”  
 “Where is this animal you say is stronger than Mighty Lion?” Lion  
 asked. But before Little Mouse could answer, he ordered her to take him  
 to that animal.  
 Little Mouse said, “Sir, this animal has also expressed the wish to  
 see you.”  
 So, they set off, Mighty Lion following Little Mouse. She led him to a  
 cave she knew was nearby. It was the perfect place for her plan.  
 When they got there, she said, “Your Lordship may enter. I will wait  
 just outside the door. The animal stronger than Your Lordship said the  
 meeting must be between just the two of you.”  
 Growing, Mighty Lion entered the cave. As soon as he was safely  
 inside, Little Mouse closed the mouth of the cave with a huge rock she’d  
 put nearby for that purpose. It was dark inside. Mighty Lion narrowed his  
 eyes to see better. But, hard as he looked, he could not see anyone in  
 the cave.  
 After a while, with a loud voice, Mighty Lion asked, “Where is this  
 goofy animal that I will crush to bits and pieces? When I’m through with  
 him, I swear not even his mother will recognise him!”  
 When Little Mouse heard Mighty Lion’s question, she put her mouth  
 to a little crack between the rock and the door of the cave and said,  
 “Patience, Your Lordship. This animal will soon show itself.”  
 By now, the sun was setting. Soon, night fell, and Little Mouse went  
 home for the night. She left Lion fuming and growling in the cave.  
 At the crack of dawn the next day, Little Mouse was back at the door  
 of the cave. Again, she put her little mouth to the little crack between the  
 rock and the door of the cave.

## Stronger than Lion



## Amandla adlula aweBhubesi

Sindiwe Magona • Nicole Blomkamp

**Ideas to talk about:** What do you think could be stronger than a lion? What could you do to stop someone who is bullying you?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Yini ocabanga ukuthi ingaba namandla ukwedlula ibhubesi? Yini ongayenza ukumisa umuntu othile okuxhaphazayo?

dp davidphilip

Trading as **New Africa Books**

This version of *Stronger than Lion* has been specially adapted for use in the Nalibali Supplement. The published storybook, *Stronger than Lion*, is available in English, Afrikaans, Xhosa, Zulu, Sepedi, Sesotho, Ndebele, Xitsonga, Siswati, Tshivenda and Setswana from Exclusive Books, Bargain Books and all good bookstores countrywide.

### Get story active!

- ★ Lion treated the other animals badly and was very proud. Do you think Mouse’s plan was the best way to solve the problem? Why do you say so?
- ★ Write a play using the text from the story.
- ★ Use cardboard or paper plates, paint and string to create masks of the characters in the story. Then act out the story wearing your masks.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ UBhubesi wayephatha ezinye izilwane kabi futhi ezikhukhumeza kakhulu. Ingabe ucabanga ukuthi isu likaGundane laliyindlele enhle kunazo zonke yokuxazulula inkinga? Kungani usho njalo?
- ★ Bhala umdlalo usebenzisa isiqephu sombhalo esiphuma endabeni.
- ★ Sebenzisani amapuleti ekhadibhodi noma ephepha, upende kanye nentambo ukwakha izifihlabuso zabalingiswa abasendabeni. Emva kwalokho lingiselani indaba nifake izifihlabuso zenu.

Nalibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




UNalibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininigwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination

Uthe ungaphela umhlangano, uGundane elincane wanikela khona emhumeni kaBhubesi. UBhubesi onamandla wamangala kakhulu ukubona le nto encanyama yesiSwane izombikela ukuthi zitheni ezinye iziSwane emhlanganweni na. “Ngabe bathumele umagangane weqili elingu Mpungushu okungenani?” ezicabangela, “ngisho phele noma iDube, iNdlulamithi, noma iNdllovu nezinye zizibona zibahleke kangangoba azisakwazi ukuzokhuleka enkosini.” “Mlayezo muni-ke owuphetha?” UBhubesi wambuzisa uGundane. Wayemangaliswe nawukuthi lalimbuka njo emehlweni lingakhombi nokuncane ukwesaba lokhu, nakancu! “O, Wena Omkhulukazi!” washo uGundane ekhohama eshona phansi. “Ngikuphathela ezimangalisayo izindaba, Nkosi yami. Kukhona isiSwane, nathi ebesingasazi, isiqhwaga sesiSwane esinamandla amakhulukazi, esidlula wena Nkosi enkulu.”

Wathi angakuzwa lokho UBhubesi wabhavumula wabhodla kakhulu. Kwanyakaza imithi nezilahla ehlahini, nezilwane zabaleka zaphuthuma zayocasha emigodini, ezidlekeni nakwezinye izindawo eziphehle ezaziseduzane ezazingamakhaya azo noma awezinye izilwane. Isilwane nesilwane, esikhulu nesincane, sabaleka ukuthi sibe kude le nobhubesi onamandla. Konke lokhu zakwenza ngelikhulu ijubane. Loko kubhodla kwakusho ukuthi ucasuke kakhulu UBhubesi akekho nobani-ke ofisa ukuba seduze kweBhubesi elicasukile.





Once upon a time, the animals of the jungle decided a meeting was long overdue. This was to be no ordinary meeting, and it was extremely important that each and every animal attend it.

All the animals were invited to attend. All except Lion. He was not invited because, you see, the meeting was about him. But Lion thought he was not invited because he was King of the Jungle.

“Perhaps,” thought Lion, “these silly fools want to crown me king. About time!”

At last, the day of the meeting dawned, and a bright and sunny day it was. Elephant declared the meeting open. The animals were all fuming.



UGundane elincane wayazi ukuthi isikhathi sasifikile. Wagingqa kakhulu itshe lelo elisabhola elalivale umgede, wangena. Ngaphakathi wathola isilwane esinamandla silele kalusizana, siyisikhumba nje namathambo.

UBhubesi wayengakwazi ngisho ukuphakamisa ikhanda lakhe. Ngendlela ayelambe futhi ome ngayo. Amandla akhe onke ayesemshiyile. Empeleni wayengakwazi ngisho ukusukuma ahambe.

“Akafikanga,” kwasho iphimbo eliyisihosha, elisholo phansi lingenakuzethemba.

“Wenze iphutha, Nkosi enkulu,” kusho uGundane elincane, egxumagxuma ejabule. Ubuso bakhe bucishe buhlukane phakathi ukumamatheka. “Useze wafika, yebo ufike ngempela!” wakwitiza uGundane elincane.


UBhubesi waphendula amehlo akhe wawabhekisa ngapha nangapha. “Uphi pho?”

“Uyena lo okugcine uhlezi kule ndawo okuyona manje. Uwathathe onke amandla akho. Womise ulimi lwakho wantshontsha nokubhodla kwakho!”

Ameblo kaBhubesi avuleka kakhulu. Ebambe itshwaqa nolimi lwakhe lulenga ngaphandle lukhathela, wabuza: “Ingabe yindlala?”

UGundane elincane wanqekuzisa ikhanda wavuma. Wavuma maqedane waphuma egijima ngelikhulu ijubane leli, eyobikela zonke izilwane okwakwenzakele. “Indlala isinqobile isitha sethu!”

Cosu, cosu, iyaphela!



“Has he come, Your Lordship? Has he come yet?” she asked.

“The snivelling coward must have run away as soon as he

heard my mighty roar,” Lion answered. “I have looked high and

low for him. Open the door and let me out. I am hungry and a

little thirsty.”

But Little Mouse said, “Patience, Your Lordship, I do believe

this animal is on its way. Before long he will be by your side.”

Day after day, the same thing happened. Mighty Lion roared

and growled, waiting to crush his challenger. But the challenger

did not appear. And Little Mouse urged him to wait, assuring him

that soon the challenger would come.



Lapho sesihamba, izingane zahamba naso.

When she left, the children went with her.



This story is an adapted version of *The storyteller of Ham* published by Cadbury in partnership with Nal'ibali as part of the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative. Each story is available in the eleven official South African languages. To find out more about the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative titles go to <https://cadbury.one/library.html>

Le ndaba isuselwe ngobuciko oshicilelweni lwendaba ethi *Umxoxi wendaba waseHam* eshicilelwe ngabakwaCadbury ngokubambisana nabakwaNal'ibali njengohlelo lwe-Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords.

Indaba ngayinye iyatholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola kabanzi mayelana nezihloko zezincwadi zohlelo lwe-Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords hamba ku: <https://cadbury.one/library.html>

### Get story active!

- ★ Make a poster with a slogan about why libraries are important. Decorate your poster with a drawing of a library.
- ★ Pretend that you are the storyteller. Show how you would walk and talk like the old woman. Tell your favourite story.
- ★ Use clay or playdough, twigs, cardboard, sand and any other suitable materials to make a model of a village like the one in the story.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!


- ★ Yenza iphosta enesiqubulo mayelana nokuthi ibaluleke ngani imitapo yezincwadi. Hlobisa iphosta yakho ngomdwebo womtapo wezincwadi.
- ★ Yenza sengathi ungumxoxi wezindaba. Khombisa ukuthi ungahamba futhi ukhulume kanjani njengesalukazi. Xoxa indaba yakho oyithandayo.
- ★ Sebenzisa ubumba noma inhlama yokudlala, izinswazi, ikhadibhodi, isihlabathi kanye nanoma yiziphi ezinye izinto ezifanele ukwenza isibonelo sesigodi esifana naleso esisendabeni.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

## The storyteller of Ham



## Umxoxi wendaba waseHam

Lesley Beake • Natalie Hinrichsen

**Ideas to talk about:** What are your favourite kinds of stories to listen to? Can we learn things from stories? What have you learned from a story that you heard?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Yiziphi izinhlobo zezindaba othanda ukuzilalela? Singakwazi yini ukufunda izinto ezindabeni? Yini oyifundile endabeni oyizwile?



Drive your  
imagination

“What can I do to thank you?”  
 “Please tell us a story!” they said.  
 So she did.  
 She told two stories. Then she told two more.  
 “Mina-ke yini engingayenza ukuze  
 ngimbonge?”  
 “Sicela usixoxele indaba!” kusho zona.  
 Nembala senza kunjalo.  
 Saxoxa izindaba ezimbili. Saphinda saxoxa  
 ezimbili futhi.



“Where are the children?” Papa  
 asked Gogo.  
 “Zikuphi izingane?” kubuza  
 uBaba kuGogo.



“Where are the children?” Gogo  
 asked Mama.  
 “Zikuphi izingane?” kubuza  
 uGogo kuMama.



Abantu bagijima behla ngomgwaqo. Emtatsheni  
 wezincwadi bathola izindaba zabo bonke abantu!



Azikhho izingane. Ngabe zikuphi?  
No children. Where could they be?



“Where are the children?” Mama asked Papa.  
“Zikuphi izingane?” kubuza uMama kuBaba.

Izingane zasilethela amanzi.  
“Ngabe ningangipha kodwa amanzi?”  
sihamba kancane.  
Kwafika emzini isalukazi esiguge kakhulu

The children brought her water.  
“Can I please have some water?”  
the village.  
An old, old lady came walking slowly into



The people ran down the road. In the library  
they found stories for everybody!

Once there was a village called Ham. It was  
just a village. Huts. Kraal. Cattle. People.  
Some of the people were children.

Endulo kwakukhona umuzi owawubizwa  
ngokuthi yiHam. Kwakusemzini ojwayelekile nje.  
Amaqhwane. Isibaya. Izinkomo. Abantu.  
Abanye balaba bantu kwakuyizingane.

The children were sad. They wanted stories. They needed stories. Zaphatheka kabi izingane. Zazifuna izindaba. Zazidinga izindaba.



“Can we have a story?” they asked Papa. “No,” said Papa. (Papa didn't waste words.) “Ngabe ungakwazi nje ukusixoxela indaba?” zibuza uBaba. “Cha,” kusho uBaba. (Akazange akhulume okuningi.)

Mama found a word written in the sand: UMama wathola igama elibhalwe esihlabathini:



“Can we have a story?” they asked Gogo. “I'm too tired,” Gogo said. “Ngabe ungakwazi ukusixoxela indaba?” zibuza uGogo. “Ngikhathele kakhulu,” kusho uGogo.



“Can we have a story?” they asked Mama. “I'm too busy,” said Mama.

“Ngabe ungakwazi nje ukusixoxela indaba?” zibuza uMama.

“Ngimatasatasa kakhulu,” kusho uMama.



LIBRARY!  
UMTAPO  
WEZINGWADI!

Lase lityoshona manje ianga. Litho lapho lishona khona, uCundane wagoduka wayozilalela. Wamshiya uBhubesi ethukuthi ephuma lapho emgedeni. Wayeshona le nale ehla enyuka nobude bomgede, efunana nalezi silwane esasicabanga ukuthi sinamandla ukwedlula yena.

Kuthi entathakusa, ngosuku olulandelayo, uCundane elincane wabuyela khona emlonyeni womgede. Waphinde wafaka umlonyana wakhe esikhaleni esiphakathi kwamatshe.

“Useze wafika lo feleba Nkosi yami? Usefikile?” ebuza.

“Lesi thingithingi segwala sibaleke sayoshona lapho sizwa ukugquma kwami okunamandla,” kuphendula uBhubesi. “Ngizule ngalifuna phansi naphenzulu. Vula umnyango manje ungededele ngiphume. Ngilambile futhi ngomile.”



“He did not come,” said a small, hoarse and hesitant voice.

“You made a mistake, Your Lordship,” said Little Mouse, jumping up and down with glee. “He did come! Yes, he did!”

Mighty Lion rolled his dull eyes from side to side. “Where is he?”

“He is the one who is holding you where you are. He has drained you of all your strength. He has dried your tongue and stolen your roar!”

Mighty Lion’s eyes bulged. With his brow furrowed and his tongue hanging limply out of his mouth, he asked, “Hunger?”

Little Mouse nodded and ran out of that cave as fast as her little legs could carry her. She went and announced to all the animals of the jungle, “Hunger has slain our enemy!”

And so, this tale ends!

Straight after the meeting, Little Mouse went to Lion’s den. Mighty Lion was astonished to see this little thing who had come to tell him what the animals had decided at the meeting.

“What message do you bring?” Mighty Lion asked the mouse.

“O, Mighty One! Little Mouse said, bowing low. “I bring rather surprising news, My Lord. There is, unbeknown to us, an animal stronger than Your Lordship!”

At that, Lion gave a terrible, mighty roar. The trees in the jungle shook and the animals scurried and hid in their burrows, nests and whatever else they could find, whether it was theirs or someone else’s.



Kwesukesukela: izilwane zasehlathini zanquma ukuthi sekukudala kudingeka ukuba kube nomhlangano. Lona kwakungeke kube ngumhlangano owejwayelekile nje, futhi kwakubaluleke kakhulu ukuba leso naleso silwane sibe khona.

Zonke izilwane zamenywa ukuba khona. Yebo zonke, ngaphandle kukaBhubesi. Yena wayengamenyiwe, ngani ngoba umhlangano lona wawuzobe ukhuluma ngaye. UBhubesi yena wazicabangela ukuthi akamenyiwe ngoba eyiNkosi yezilwane. Izilwanyana lezi ezingelutho zazizomthumelela umlayezo noma zimlethele izindaba phela ngemuva komhlangano.

“Mhlawumbe,” kucabanga yena uBhubesi, “lezi zilima zezilwanyana zifuna okungethweza isicoco njengeNkosi phela. Futhi bekufanele ukuba kade zakwenza nje lokho!”

Ekugcineni lwafika lona usuku lomhlangano, lilihle, libalele nasebukhweni bezinja. Kwakungekho ngisho elilodwa ifu esibhakabhakeni, kungekho moya obhudlayo ongase uphazamise nofudu lusazihambela noma uphazamise amaphiko ejuba lisandiza kamnandi. Zeza zonke izilwane, ezincane nezinkulu. UNdlovu wabingelela wabe esewuvula ngokusemthethweni umhlangano. Izilwane zazicasuke zigane unwabu!

As the days passed, Mighty Lion grew more and more impatient. His strength weakened. His hunger grew, as did his thirst. But his pride did not grow any less. He still wanted to teach his challenger a lesson.

Each day, Lion's roar grew weaker. Weaker and weaker it grew until, one day, Little Mouse had to put her little mouth to the crack and shout with all her might, "My Lord, has he not come yet?"

Then she listened for Mighty Lion's reply. But none came. Little Mouse strained as hard as she could and listened for any sound from inside the cave. Finally, she heard a shuffling, a puffing and a puffing. After a while, there came a sound – Mighty Lion was trying to roar, but had no strength to do so at all.

Little Mouse knew the time had come. She quickly rolled back the rock closing the mouth of the cave and she entered. Inside she found the mighty one huddled in a sorry bundle – all skin and bones. He could not even lift his head. That is how dehydrated and famished he was. All his strength had left him. Of course, he was in no condition to walk at all.

“Bangane,” kusho uMpiisi ngolaka, “ukuhala kukabhubesi kuyisilingo! Usuku nosuku abaningi bephu bayala, ukuze kugcwalile lomgodi ongekwe ugcwale oyisisu sakhe. Uyasibozela ufuna ukusigceda ngesivini indlela esingazala ngayo amachwane amasha. Adule lapho adle nezingane zethu. Azitholi nethuba lokuthi zikhulakule kanane!”

“Kungekudala kobe kungasekho noyedwa osele kithina,” kusho uBhagane. Kwaphendula uNkosi enswimiza, “Khona maduze, maduze nje, sesobe singumlandi! Umlandi!”

Umbuzo omkhulu wosuku kwakuwukuthi, *Sizovelaphi isisombululo sokugeda lolu bhuhane?*

Umdlolvo wabuza wathi: “Ingabe ukhona ongasipha isu elithize?”

Hhayi bandla ayemaningi amacedo, ngiyakushela. Kodwa, noma ayenza esheshha, ayephinde apherle engasizanga muntu.

Ekugcineni, ngemuva kwamacedo amaningi ephonswa ngapha nangapha aphinde afe namthanyana, kwezwakala izwi elincane lithi, “Bafowethu nodadewethu, nanti elami icebo.” Onke amehlo aphenyuka efuna ukubona ukuthi ingabe ngubani lo okhulume lawo magama akhombisa ukuba nesibindi kangaka.

Kuthi noma ebona bonke lobo buso bunonya, uGundane elincane walibeka phambi kwabo icebo lakhe, “Ukukhombisa ukuthi ngilithembekwe kangakamani leli cebo lam, ngizolenzisa ukuthi lisebenze ngingcedwa zwi.”

Umdlolvo wathi, “Wena?” washo ngezwi elinemzayo futhi egqibithela, “Uyisikhunjana nje esinomisa, namelilo amanecane ukweldula ijikijolo elincane, ucabanga ukuthi yini ongayenza kulisiya sigansonso sikaBhubesi?”

Manje zonke ezinye izinyamazane zangencela zala ukhulika, zihleka uGundane. Ezinye zazanamazwi aphenyuka, ezinye zigqibithela, zikhonkotha, zinsinithela zenza omunye ihlaya. UGundane elincane wanciphisa amehlo akhe. Wayezimisele ngayo yonke into ewuboya obusenzimbeni nasesikhumbeni sakhe. Umsila wakhe lo wathuthumela waqhabazela. Wayezozibonisa lezi zilwane ezinkulu. Wayezozibonisa, yedwa zazizomazi kahle!

Kwagcina sekuphellele ukhulika. Izinyamazane zabona ukuthi alikho elinye icebo elalingazinqobela isitha sazo. Kwakumele zilamkela isu eliza noGundane elincane. Zaziphokekile ukuthi zilamkela. Yayingekho enye indlela.

“Engikucelayo nje, amasono amabili okuthi ngiwuphophothule umsebenzi wami, isu aphinde azenzele nje adle ezinye izilwane ngokuthanda kwakhe.

“Friends,” Wolf howled, “Lion’s appetite is appalling. Every day many of us die to provide a feast for his bottomless pit of a stomach. He is eating us up faster than we can produce babies. He even eats the little ones. They don’t get a chance to grow up!”

“Soon, there won’t be any of us left,” Rhino said.

Monkey screeched, “Soon, soon, we shall be history! History!”

The big question of the day was: *How to stop the massacre?*

Then Elephant asked, “Does anyone have any suggestions?”

Oh, there were many suggestions, I can tell you. But, as fast as they came, they were discarded.

Finally, after many plans had been suggested and rejected, a small voice said, “Ladies and gentlemen, I have a plan!” All eyes turned towards the sound, and everyone was surprised to see who had spoken those brave words.

Little Mouse said her piece. “To show you how much I believe in my plan, I shall carry it out all by myself.”

“You?” Giraffe bellowed, unable to stop the giggles. “What do you think you can do to Mighty Lion?”

Now the other animals joined in and laughed at Little Mouse.

Little Mouse narrowed her little eyes. Her little tail trembled and quivered. She would show these big animals. She would show them – yes, she would.

Finally, the laughter stopped. The animals saw there was no other plan on the table. They had to accept Little Mouse’s plan.

“All I ask for is two weeks in which to carry out my plan,” Little Mouse said. By then, she said, she would have tamed Mighty Lion, and he would no longer gobble them down at will.

Kodwa uGundane elincane wathi, “Bekezela Nkosi enkulu, ngiyakholwa ukuthi lesi silwane sesiyeza. Kungekudala sizobe sesimi lapho eduze kwakho.”

Laphinde lashona ilanga, kwahlwa. Kwaphinde kwasa futhi.

Usuku nosuku, lwafika lwadlula kuyiso lesi. UBhubesi elinamandla wabhodla, wabubula, walinda, elindele ukufika kwesitha sakhe. Kodwa lutho ukuqhamuka isilwane esasimphonsele inselele. UGundane walokhu emkhuthazile ukuthi makalinde, emthembisa ukuthi sekuzoba elamanqamu.

Ngokudlula kwezinsuku uBhubesi wayengasenaso isikhathi salo msangano.

Waphelelwa ngamandla. Yabhoka indlala, angisakhulumi-ke ngokoma.

Kodwa ukuzigabisa nokuzethemba akuphelanga. Wayesafisa ukuyifundisa isifundo le nswelaboya! Wayezomudephudephuna abe yizicucu ezingasoze zaziwa muntu. Usuku nosuku, umgqumo kaBhubesi waba buthakathaka.

Walokhu eye ngokuya eba buthakathaka, kwaze kwathi ngelinye ilanga, uGundane wamemeza kakhulu efake umlomo wakhe phakathi kwesikhala ematsheni: “Nkosi enkulu, asikafiki namanje?”

UGundane walalela, walalelisisa ethi uzozwa umgqumo onamandla wempendulo kaBhubesi.

Kodwa lutho, ayibuyanga impendulo. UGundane elincane wabeka indlebe ezama ngakho konke ukuthi ezwe okusamsindo noma umnyakazo ovela phakathi emgedeni. Waze ekugcineni wezwa ukushixiza, ukuhefuzela nokufixiza.

Ngemuva kwesikhathi, kwezwakala umsindo, omncane osakukhwehlela okumboziwe okunokwesaba endaweni enezihlele.

Lowo kwakungumsindo


kaBhubesi elinamandla.

Wayezama ukubhodla,

kepha wayengenawo

nasokhezweni amandla

okukwenza loko.



# The March equinox – what's that?

This year the **March equinox** falls on Sunday, 20 March 2022.

**What is the equinox about?** An equinox is when the centre of the sun is directly above the equator. The equator is an imaginary line that divides Earth into a northern and a southern hemisphere.

On the equinox, the daytime and the night are almost the same length. On that day, the day is only about 8 minutes longer than the night.

There are two equinoxes each year, one around 20 March and the other around 23 September.

There are also two **solstices**, one around 21 June and one around 21 December.

## Ingabe i-ekhwinoksi imayelana nani?

**I-ekhwinoksi** yilapho indeni (*centre*) yelanga iqonde ngqo ngaphezu kwenkabazwe. Inkabazwe wumugqa ocatshangelwayo ohlukanisa umhlaba ube nengxenyane engasenyakatho nengaseningizimu.


Ku-ekhwinoksi, isikhathi sasemini sinobude obucishe bufane nobesikhathi sasebusuku. Ngalolo suku, usuku luba lude ngemizuzu eyisi-8 kunobusuku.

Kunama-ekhwinoksi amabili njalo ngonyaka, eyodwa iba seduze nomhla zingama-20 kuNdasa kanti enye iba seduze nomhla zingama-23 kuMandulo.

Kuphinda kube namasolstisi amabili, eseduze nomhla zingama-21 kuNhlangulana kanye naseduze nomhla zingama-21 kuZibandlela.

# I-ekhwinoksi kaNdasa – yini lokho?

Kulo nyaka **i-ekhwinoksi kaNdasa** ingeSonto, mhla zingama-20 kuNdasa 2022.



**What is the March equinox?** After the equinox, the sun crosses the equator and moves northwards. This means the start of autumn in the southern hemisphere and the start of spring in the northern hemisphere.

## Iyini i-ekhwinoksi kaNdasa?


Ngemuva kwe-ekhwinoksi, ilanga leqa inkabazwe liye ngasenyakatho. Lokhu kusho ukuqala kwekwindla engxenyeni yomhlaba eseningizimu kanye nokuqala kwentwasahlobo engxenyeni yomhlaba esenyakatho.

## FUN FACT!

The fastest sunsets and sunrises of the year happen on the days of the equinoxes.

## IQINISO ELITHO-KOZISAYO!

Ukushesha okukhulu kokushona nokuphuma kwelanga onyakeni kwenzeka ngezinsuku zama-ekhwinoksi.



## 4 ways to celebrate the March equinox:

1. Spend time playing games outside. From now on, the days will become shorter and colder as we move towards autumn and winter.
2. Make a diary in which to write the signs of autumn that you see each day.
3. Find out why some trees start losing their leaves and other trees do not.
4. Write a poem about the equinox.

## Izindlela ezi-4 zokubungaza i-ekhwinoksi kaNdasa:

1. Chitha isikhathi udlala imidlalo ngaphandle. Ukusukela manje, izinsuku ziya ngokuba mfushane nangokuba zibandane ngesikhathi sibheke esikhathini sasekwindla nesasebusika.
2. Yenza idayari lapho ozobhala khona izimpawu zekwindla ozibona ngosuku ngalunye.
3. Thola ukuthi kungani ezinye izihlahla ziqala ukuvuthuka amaqabunga ezinye zibe zingavuthuki.
4. Bhala inkondlo nge-ekhwinoksi.



# Why dassies have no tails



Written by Themba Mabaso ■ Illustrated by Vian Oelofson

Long, long ago, animals had no tails. They were very unhappy about this, so they called a meeting at the watering hole.

Dassie watched as the animals passed by on their way to the meeting.

"Hurry up! We need to get to the meeting," shouted Hare as she hopped by.

"Don't worry, I'll follow you!" answered Dassie and he turned his back towards the rays of the warm sun.

"Aren't you joining us?" asked Monkey as he passed by.

"Don't worry, I'll be on my way soon," replied Dassie lying on his back to warm his tummy.

The last animal to come by was Dassie's best friend, Tortoise. "Aren't you coming to the meeting?" she asked.

"Only if my friend can give me a lift," replied Dassie.

"But my shell is already heavy," said Tortoise.

"Well, I'm not heavy. You won't notice any difference with me on top," said Dassie with a wide smile.

"But my shell is hard and uncomfortable to sit on," explained Tortoise.


"I'm a dassie! I'm used to sitting on hard rocks!" replied Dassie, jumping on Tortoise's back. Dassie was heavy, but what could Tortoise do? Dassie was her best friend.

At the meeting, the animals talked about tails.

"I look ugly without a tail," complained Hyena.

"When I try to turn when I'm running, I fall over because I do not have a tail," said Cheetah.

"I need an extra limb to free my hands when I swing on the trees and pick fruit," said Monkey.



"Let's ask the Creator to give us tails," suggested Lion.

So, the animals turned their faces up to the sky. "Oh, Creator, please give us tails!" they pleaded.

A loud voice boomed from the sky. "Tomorrow morning, go down to the river and there you will find tails on the big tree."

The animals returned home feeling hopeful and happy.

"I can't wait to get a tail. Tomorrow, let's go together to fetch our tails," said Dassie as Tortoise dropped him at the rock he called 'home'.

Knowing that she moved slowly, Tortoise woke up early the next morning. It was still dark when she left her home, and the other animals were still sleeping.

As Tortoise passed Dassie's home, she shouted, "Come on! Let's go and get our tails!"

"Not today. I'm feeling lazy. I'm just going to sit on this rock and enjoy the sun. Please fetch a tail for me and drop it off on your way home," said Dassie with a wide smile. "I would love a long, bushy one."

Tortoise was surprised that Dassie was not coming along. "Will do," she said happily, realising that at least she would not have to carry Dassie on her back.

At dawn, the other animals made their way to the river in a large group. They were faster than Tortoise, so they passed her along the way. But Tortoise was determined to reach the tree to get a tail for herself and her friend, so she crawled on.

As the animals neared the river, they saw the tree filled with tails. There were short tails, long tails, bushy tails and thin tails. There were beautiful tails and ugly tails.

The animals started to move towards the tree. It was clear that whoever reached it first would have the best choice of tail. Monkey jumped from tree to tree. Lion, Cheetah and Zebra sprinted. Elephant and Rhino made a clumsy dash. Jackal trotted faster as did Pig, but Pig stopped here and there to eat some tasty grubs and roots. Tortoise followed at the back.

Monkey was first to get to the tree. She grabbed the longest tail. Cheetah was second and he took another long tail. The next animals chose tails from the ones left hanging on the tree.

When Pig and Tortoise finally arrived, there were only two tails left. One was a short, stubby tail and the other a thin, curly one. Pig chose the curly tail, so Tortoise got the chubby one.

There was nothing left on the tree, and no one had remembered that Dassie wanted a tail too.



From his rock, Dassie could see the animals coming home. They walked with a swagger and swung their tails from side to side. "I cannot wait to get my new tail!" thought Dassie.

Dassie saw Tortoise and Pig walking along. "Did you bring me my tail, Tortoise?" asked Dassie as they drew nearer.

"No, I'm sorry, my friend, but they ran out! Pig and I got the last two tails. Look at my tail," explained Tortoise, pointing to her stubby tail. "This is all I could get."

"I should have gone myself!" said Dassie regretfully. "I am faster than both of you. I could have got myself a really nice tail if only I had not been so lazy." Tortoise and Pig walked away in silence.

And that's why dassies don't have tails – but they still sit on rocks to enjoy the warmth of the sun!

## Get story active!

★ Imagine that the animals had chosen different tails from the tree. Draw a picture of any animal with a different type of tail, such as Tortoise with a lion's tail or a zebra with a pig's tail.

- ★ Be a word detective! Look closely at the story. Can you find: the names of four animals - two number words - five words that describe tails?
- ★ Pretend that you are Dassie. Write a letter to the Creator asking for another chance to get a tail.



Drive your  
imagination



## Kungani izimbila zingenayo imisila

Ibhalwe nguThemba Mabaso ■ Imidwebo yenziwe nguVian Oelofson



Emandulo, izilwane zazingenayo imisila. Zazingathokozile nhlobo ngalokhu, ngakho zabizela umhlangano emthonjeni.

Imbila yayibukela ngesikhathi izilwane zedlula zibeke emhlanganweni.

"Sheshani! Sifuna ukufika emhlanganweni," kuthetha uNogwaja egxuma edlula.

"Ungakhathazeki, ngizokulandela!" kuphendula uMbila emva kwalokho ephenduka efulathela imisebe yelanga elifudumele.

"Ingabe wena awuzukuhlanganyela nathi?" kubuza uNkawu ngenkathi edlula.

"Ungakhathazeki, ngizongena indlela masinyane nje," kuphendula uMbila elala ngomhlane ukuze afudumeze isisu sakhe.

Isilwane sokugcina esedlula kwabe kuwumngani omkhulu kaMbila, uFudu. "Awuyi yini emhlanganweni?" kubuza yena.

"Umngani wami phela angangibeke," kuphendula uMbila.

"Kodwa igobolondo lami livele liyangisinda," kusho uFudu.

"Hhayi-ke, mina angisindi. Angeke uzwe mehluko ngisho ngingaphezu kwakho," kusho uMbila emoyizela kakhulu.

"Kodwa igobolondo lami liqinile futhi alizukukuphatha kahle uma uhleli kulo," kuchaza uFudu.

"Ngiyimbila mina! Ngikujwayele ukuhlala emadwaleni aqinileyo!" kuphendula uMbila, egxumela phezu komhlane kaFudu. UMBila wayesinda, kodwa uFudu wayezokwenzani? UMBila wayewumngani wakhe omkhulu.

Emhlanganweni, izilwane zazikhuluma ngemisila.

"Ngibukeka ngimubi kodwa ngingenawo umsila," kukhononda uMpisi.

"Uma ngizama ukujika lapho ngigijima, ngiwa phansi ngoba anginawo umsila," kusho uNgulube.

"Ngidinga isitho esengeziwe ukuze ngikhulule izandla zami ngesikhathi ngishwibeka ezihlahleni lapho ngikha izithelo," kusho uNkawu.



"Masicele kuMdali ukuthi asinikeze imisila," kuphakamisa uBhubesi.

Ngakho, izilwane zabhekisa ubuso bazo phezu lesibhakabhakeni.

"Hawu, Mdali, sicela usiphe imisila!" kucela izilwane.

Izwi elikhulu labhodla livela esibhakabhakeni. "Kusasa ekuseni, yehlelani emfuleni lapho nizothola khona imisila esihlahleni esikhulu."

Izilwane zabuyela ekhaya zizizwa zinethemba futhi zijabule.

"Sengilangazelela kakhulu ukuthola umsila. Kusasa, masihambisane siyolanda imisila yethu," kusho uMbila ngesikhathi uFudu emshiya edwaleni uMbila ayelibiza ngokuthi 'yikhaya'.

Njengoba uFudu wayekwazi ukuthi yena uhamba kancane, wavuka ekuseni kakhulu ngakusasa ekuseni. Kwakusemnyama ngesikhathi esuka ekhaya ezinye izilwane zisalele.

Ngesikhathi uFudu edlula emzini kaMbila, wamemeza, "Woza abo! Masihambe siyolanda imisila yethu!"

"Hhayi namuhla. Ngizizwa ngivilapha nje. Ngizovele ngihlale kuleli dwala

ngethamele ilanga. Ngicela ungilandele umsila bese udlula ungishiyela wona endleleni yakho ebheke ekhaya," kusho uMbila emamatheka kakhulu. "Ngingawuthokozela omude, omfukumfuku."

UFudu kwammangaza nje ukuthi uMbila akasahambisani naye.

"Ngizokwenza njalo," esho njalo ngokujabula, esebona ukuthi akunani ngoba angeke esabeletha uMbila emhlangane wakhe.

Kusempondo zankomo, ezinye izilwane zaphikelela emfuleni ziwumhlambi omkhulu. Zazishesha kakhulu kunoFudu, ngakho zamedlula endleleni. Kodwa uFudu wayezimisele ngokufika esihlahleni ukuze azitholele umsila bese ephathela nomngani wakhe, ngakho waqhubeka nokushoshela.

Lapho izilwane sezisondele emfuleni, zabona isihlahla sigcwele imisila. Kwakukhona imisila emifushane, imisila emide, imisila emfukumfuku nemisila ezacile. Kwakukhona imisila emihle nemisila emibi.

Izilwane zaqala ukusondela esihlahleni. Kwakucaca ukuthi noma ngubani ozofika kuso kuqala uzozikethela umsila omuhle kunayo yonke. UNkawu wayegxuma esuka kulesi sihlaha ehlala kwesinye. UBhubesi, uNgulube noDube bagijima kakhulu. UNdlovu kanye noBhejane bagijima ngokugxadazela nje. UMPungushe wagijima ngokushesha njengoNgulube, kodwa uNgulube wayede ema ukuze adle ukudla nezimpande ezinambithekayo. UFudu wayelandela ngemuva.

UNkawu waba ngowokuqala ukufika esihlahleni. Wafika wabamba umsila omude kunayo yonke. UNgulube waba ngowesibili wathatha omunye umsila omude. Ezinye izilwane zakhetha imisila kuleyo eyayisele ilanga esihlahleni.

Ngesikhathi uNgulube kanye noFudu befika ekugcineni, kwase kusele imisila emibili kuphela. Owodwa kwakuwumsila omfushane, oyisigqunswana kanye nomunye ozacile, ogoqene. UNgulube wakhetha ogoqene, ngakho uFudu wathola oyisigqunswana.

Kwakungasasele lutho esihlahleni, futhi asikho isilwane esasikhumbulile



ukuthi uMbila naye wayewufuna umsila.

Esedwaleni lakhe, uMbila wayekwazi ukubona izilwane ziza ekhaya. Zazihamba ngokuzidla zitshikizisa imisila iya le nale. "Sengilangazelela kakhulu nami ukuthola umsila wami omusha!" kucabanga uMbila.

UMbila wabona uFudu noNgulube behamba endleleni. "Ningiphathelile umsila wami, Fudu?" kubuza uMbila ngesikhathi besondela.

"Cha, ngiyaxolisa mngani wami, ibisiphelile! Mina noNgulube sithole imisila emibili yokugcina. Bheka umsila wami nje," kuchaza uFudu, ekhomba umsila wakhe omfushanyana. "Yikho lokhu engikwazile ukukuthola."

"Bekufanele ngizihambele ngokwami!" kusho uMbila ngokuzisola.

"Ngishesha ukunedlula nobabili. Bengizozitholela umsila omuhle ngempela ukuba angizange ngivilaphe ngale ndlela." UFudu noNgulube bahamba baqhela bethule.

Yingakho-ke izimbila zingenayo nje imisila – kodwa zisahlala emadwaleni ukuze zithokozele ukufudumala kwelanga!

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

★ Ake ucabange nje ukuthi izilwane zazikhethe imisila eyahlukene esihlahleni. Dweba isithombe sanoma yisiphi isilwane esinohlobo olwehlukile lomsila, njengofudu selunomsila webhubesi noma idube selinomsila wengulube.

★ Yiba ngumseshi wamagama! Bhekisisa indaba. Ungakwazi ukuthola: amagama ezilwane ezine - amagama amabili ezinombolo - amagama amahlanu achaza imisila?

★ Yenza sengathi unguMbila. Bhala incwadi eya kuMdali ucele elinye ithuba lokuthola umsila.





### 1. Which tail belongs to which animal?

Follow the paths through the maze to find out.

### Yimuphi umsila ongowasiphi isilwane?

Landela izindlela zesiphico ukuze uthole lokhu.



### 2. If you had a tail, what would it look like?

Circle the words that would describe your tail.

long      short      hairy      fluffy  
no hair      curly      straight  
brown      pink      black      yellow

Write a short paragraph about what you would do if you had a tail.

- If you had a tail, would you hang from a tree?
- Would you use it to sweep the floor or to wash your face?

---



---



---



---

### Ukuba ubunomsila, ingabe ubuzobukeka kanjani?

Kokelezela amagama azochaza umsila wakho.

omude      omfushane      onoboya      ontofontofo  
ongenaboya      ogoqene      oqondile      onsundu  
ophinki      omnyama      ophuzi

Bhala isigaba esifushane mayelana nokuthi ubuzokwenzenjani ukuba ubunomsila.

- Ukuba ubunomsila, ubuzolenga esihlahleni?
- Ingabe ubuzowusebenzisa ukushanela phansi noma ukugeza ubuso bakho?

---



---



---



---



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)
[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)
[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)
[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)
[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)
[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.



Drive your imagination

